UKUBUMBA INQUBOMGOMO YOLIMI LWESIKOLE

Ipheshana 3

April 2024

Le ncwajana iyatholakala ngesiVenda, isiXhosa, isiPedi, isiZulu, isiSuthu, isiBhunu, isiTswana, isiTsonga, isiSwati, isiNdebele, Ulimi Lwezimpawu kanye nesiNgisi.

Bheka ku www.bua-lit.org.za mayelana nemininingwane.

ZENEX FOUNDATION

bua-lit language and literacy collective

Iyini inqubomgomo yolimi lwesikole?

Inqubomgomo yolimi lwesikole wumqu owenza lokhu –

- ukusho ukuthi yiziphi izilimi ezisetshenziselwa imisebenzi yesikole eyahlukene efana nokufundisa, ukufunda, ukuhlola, imisebenzi engaphandle kokufunda kanye nokuphathwa kwesikole.
- ukunikeza izeluleko mayelana nokuthi abakhuluma izilimi ezahlukene esikoleni bazohloniphana kanjani.
- ukuqondisa indlela isikole esizokwethula ngayo inqubomgomo ngohlelo olucacisa okufanele kwenziwe.
- ukuhlinzeka ngezinyathelo eziphathekayo ngokuthi ingasetshenziswa kanjani esikoleni imigomo eyisisekelo yemfundo ebulimimbili/ebuliminingi.
- ukucabangisisa kabanzi ngezinsizakusebenza zolimi isikole esinazo nokuthi zingasetshenziswa kanjani ukuthuthukisa amakhono ezingane okufunda nokubhala ngolimi olungaphezu kolulodwa.

Yikuphi okuqukethwe yinqubomgomo yolimi lwesikole?

- Ibalula ukuthi izilimi zomphakathi wesikole kufanele zihlonishwe futhi zenziwe igugu kanjani.
- Ihlinzeka ngohlaka lwezinqubo zamakilasi anobuliminingi.
- Ibalula ulimi/izilimi lokufunda/zokufunda kanye nokufundisa / Language(s) of Learning, Teaching and Assessment (LOLTA).
- Isho nokuthi yiziphi izilimi ezizofundiswa njengezifundo, nokuthi kuliphi izinga.
- Isho ukuthi yiziphi izilimi ezizosetshenziselwa ukuxhumana nabangaphakathi nabangaphandle kwesikole.
- Incoma isibonelo senqubo yolimi kuleso sikole, njengokusebenzisa izilimi ezimbili emakilasini ahlukene, noma inqubo eguqukayo yobulimimbili/yobuliminingi.
- Ibheka uhlu lwesikole lwezinsiza zolimi njengemitapo yezincwadi, izizinda zezinsiza kanye nothisha bese iphakamisa ukuthi lokhu kungasetshenziswa kanjani ngempumelelo.

Kungani kubalulekile ukuba nenqubomgomo yolimi lwesikole?

- Ikhuthaza ukuthi kube nendlela eqhubekayo yokufunda, ukufundisa nokuhlola ngendlela ephusile.
- Ihlinzeka ngesisekelo sobudlelwano obuzwakalayo phakathi kwezingane zizodwa naphakathi kwezingane nothisha.
- Ikhuthaza isikole ukuthi sisebenze kangcono, sifake izilimi zabafundi zebele ohlelelweni lwezifundo.
- Iletha izinguquko ezinhle emfundweni nasemphakathi wesikole (kwazise phela isimo sisuke sibandakanya futhi samukela bonke abantu abehlukene).

Ingabe ibunjwa noma ithuthukiswa kanjani inqubomgomo yolimi lwesikole?

Ukusungula inqubomgomo yolimi lwesikole kuwuhlelo olubandakanya –

- ukuxoxisana nothisha, abazali nezingane mayelana nezilimi okufanele zisetshenziselwe ukufundisa, ukufunda, ukuhlola, imisebenzi engaphandle kokufunda nokuphathwa kwesikole.
- ukuthatha izinqumo ngokuthi izingane zingathuthuka kanjani ngobuliminingi.
- ukuhlaziya ndawonye indlela yokubuka izilimi ezahlukene.
- ukwakha umbono ngokuthi ukusetshenziswa kwezilimi kungaphonsa liphi igalelo emfundweni ephusile.
- ukuhlaziya indlela yokubuka izilimi, izinkolelo kanye nokwenza okuyinqubo.
- ukuthola amaqiniso ukuze kuhlonzwe indlela okusetshenziswa ngayo ulimi emphakathini.
- ukuxoxisana ngenhloso yokwazisa othisha, abazali nabafundi kanye nokwazisa ngokubaluleka kokusebenzisa nokufunda izilimi ezimbili noma ngaphezulu.
- ukuxoxisana ukuze wakhiwe injongo ebumbene phakathi kwabazali nothisha.
- ukubunjwa, ukuthathwa, ukwethulwa, ukuqapha kanye nokubuyekeza okuqhubekayo.

Ngubani obamba iqhaza ekubumbeni inqubomgomo yolimi lwesikole?

- Isigungu Esingamele Isikole (SGB) ngokomthetho kufuneka sibumbe inqubomgomo ekhuthaza ubuliminingi.
- Abazali babamba iqhaza ekuthathweni kwezinqumo.
- Othisha kanye nabanye ongoti bazisa umphakathi ngobubanzi bawo ngokubaluleka kokufunda ngolimi lwebele.
- Othisha yizona zishabasheki ezibalulekile zokwethulwa kwenqubomgomo nokulethwa kohlelo lwezifundo.
- Abaphathi besikole kanye/noma neSigungu Esingamele Isikole kufanele bahlele umhlangano wabo bonke ababambiqhaza ukuze kuxoxwe ngezinhlelo nemisebenzi.

Yimuphi umehluko ongenziwa yinqubomgomo yolimi lwesikole emphakathini wesikole?

- Ingaholela ekutheni abazali, othisha nabafundi babone ngaso linye futhi babambisane.

Yimuphi umehluko ongenziwa yinqubomgomo yolimi lwesikole yobulimimbili/ yobuliminingi emphakathini wesikole?

- Ingaholela embonweni ofanayo phakathi kwabazali, othisha nabafundi wokusebenzisa izinsiza zolimi eziningi.
- Ingenza ngcono amakhono ezingane okufunda nokubhala.
- Ingaholela emazingeni athuthukile okuzethemba kubafundi.
- Ingaholela emazingeni athuthukile okuhloniphana phakathi kwabantu abakhuluma izilimi ezahlukene abazincele ebeleni.
- Ingaholela ekutheni wonke othithekayo afune ukubamba iqhaza esikoleni.

Sibonga abakwaPRAESA ngemvume yokuphinda sisebenzise okuqukethwe wuchungechunge lwezincwajana zabo zangonyaka wezi-2008. Sibonga abeZenex foundation ngokwenza ukuthi ukukhiqhizwa kwalezi zincwajana kube yimpumelelo.

Zilungiselelwe ukugaywa nguSoraya Abdulatief, Xolisa Guzula, Ntombizanele Mahobe, Carolyn McKinney, Nadeema Musthan, Margie Probyn, Brian Ramadiro, Robyn Tyler, noZola Wababa.

Idizayinwe nguPhumle April.
IDizayinwe ngabakwaFort Hartley Brand Consultants

Ihumushelwe kwisiZulu nguDumisani Sibiya.

ZENEX FOUNDATION

bua-lit language and literacy collective